

Kwakukhona intombazane igama layo kunguMaṱodzi.

UMaṱodzi wayehlala nomama nogogo wakhe.



Ngelinye ilanga, umama wakhe wamthuma ukuba ahambise umbiko kumalumekazi wakhe owayehlala kwenye indawo.

“Ubohamba ngendlela esivame ukuhamba ngayo,” kusho umama wakhe emkhumbuza.



Nebala uMaţodzi wahamba ngendlela ababevame ukuhamba ngayo uma beya kwamalumekazi wakhe. Wafika wawedlulisa umbiko.

Esesendleleni ebuyayo, wezwa izwi elikhulumela phansi lithi, “Ngicela ungisize.”



UMaṱodzi waɋalaza wabona inkosikazi eyayilele eceleni komgwaɋo.

Wayibingelela futhi wayibuza, “Ulaleleni lapha?”



Inkosikazi yaphendula yathi, “Ngiphelelwa amandla futhi ngiyagula kanti ekhaya kusekude kakhulu.”

UMaṱodzi wazizwa enozwelo nenkosikazi.



Wathi kunkosikazi, “Ngizohamba nawe ngiye ekhaya kithi ngoba kuseduze.”

UMaţ̂odzi wayilekelela inkosikazi ukuthi isukume. Bahamba kancane baze bayofika kubo.



UMaṱodzi nomama wakhe kanye nogogo wakhe bayinakekela inkosikazi yaze yaba ngcono.



Yabonga kakhulu inkosikazi ngosizo abayinikeza lona.

Yamncoma uMaṱodzi ngesibindi sakhe nokukwazi ukunakekela abanye abantu.



Inkosikazi yathi kuMaṱodzi nomndeni wakhe, “Angisoze ngakhohlwa eningenzele khona.

Emva kwezinsuku ezintathu, ngifuna ningitshele izinto ezimbili eziyizifiso zenu.”



Emva kwezinsuku ezintathu, uMaṱodzi nomndeni wakhe bayitshela inkosikazi ngezifiso zabo ezimbili.

Isifiso sabo sokuqala kwakungukuba bathole umuzi omuhle.



Isifiso sabo sesibili kwakuwukuthi bathole ihlathi eliseduze nomuzi wabo ukuze bangayi kude uma beyotheza.

Zombili lezi zifiso zabo zafezeka, njengoba inkosikazi yayithembisile.



UMaṱodzi nomndeni wakhe baziphilela impilo emnandi emzini wabo omuhle futhi onehlathi eliseduze.

